



INGEDE

January 2018, Volume 21, Number 1

Izifundo Zabalimi

Ibhalwe ngu: Bheki Maphanga



Amatikulu



Eston



Felixton



Sezela



Pongola



Umzimkhulu



Gledhow



Jozini



Noodberg

Njengoba kunokubambisana phakathi koMnango weZolimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya (DARD) kanye neSikhungo seZocwaningo ekuKhiqizweni koMoba (SASRI), minyakayonke kuba nezifudo ezibhekiswe kubalimi bomoba abalima ngokuncane (SSG). Nakulonyaka wezi-2017 lezi zifundo zibekhona kusukela mhlaka 15/08/2017 kuya ku 31/08/2017. Izifundo zibandakanye bonke abalimi ngokwezigayo zomoba ukusukela eMzimkhulu kuze kuyoshaya oPhongolo. Lokhu kubandakanya nabalimi abangawulimi umoba. Izifundo zethulwa ngabeluleki ngokuhulkhana kwezindawo abasebenzela kuzo, uma sihambele indawo ethile zethulwa ngabeluleki abangasebenzeli kuleyondawo ngokushitshana. Ithuba lemibuzo liyavela kuthi lowo obezethula ayiphendule noma iphendulwe ozakwabo njengoba kubambiswene kulomsebenzi. Nabo abalimi bayanikezwu ithuba lokuphendula okuwuphawu lokuvuthwa kwalabo balimi.

Lezizifundo ziyaye zigxile kwizihloko ezibalulekile ngokukhiqizwa komoba, izifo nezinambuzane nokunye. Abalimi bayaye bakhunjuzwe ngoba okuningi vele Abeluleki bayabafundisa ngezikathhi ezifanele. Eminyakeni emibili kuya kwemithathu eyedlule sikesakhahlanezwu isomiso yingakho

onyakeni odlule (2017) izifundo ebezihleliwe zigxile ekutheni abalimi bangamelelana kanjani nomthelela wesomiso uma bekhiqiza noma benakekela umoba wabo. Izihloko esizibhekile kuge ukumantanisa uhlolo lomhlabathi nomoba okumele uwutshale, ukutshala, ukunqanda ukhula, ukulwa nezifo nezinambuzane, ubuhle bomoba nezindlela zokuhlahla.

Singabeluleki sifunde ukuthi lokubambisana okukhona phakathi kwezimboni ezizimele no hulumeni kuhamba ibanga elide ukuletha izidingo kubantu ngoba kwenza ukudluliselwa kolwazi kuge lula futhi nezinhlaka ziyafundisana ngolwazi ezinalo. Esikufundile ukuthi uhlelo lokusebenza nenzuko etholwa abalimi kumomthelela ekumelelaneni nesomiso.

Izifundo zihambe kahle kakhulu njengoba nokwethanyelwa kwazo ngokwezbalo kusidweba sithi bha isithombe. Zikhona zona izindawo njengasezindaweni eziphakela iMaidstone akuhambanga kahle neze uma uqhathanisa nezindawo ezsiningizimu nesifundazwe, maphakathi kanye nasenyakatho. Siyathemba kulonyaka ngoNcwaba luzobakhona ushintsho abalimi baphume ngobuningi babo.

OKUQUKETHWE



Uma kuvulwa isigayo:- Asizihlele isigayo singakavulwa ukuze sigweme ukutatazela.



Osonkontileka nokuhlahla:- Asingalahli inzuko.



Ukuniselwa:- Amathuluzi ongawasebenzisa ukuze wonge amanzi.

Ukulungiselela ukuvulwa kwesigayo somoba



Kubalulekile ukuthi ngaphambi kokuvulwa kwe-sigayo umlimi azilungiselele ukwenza umsebenzi wokuhlahla. Esikhathini esiningi kuye kube sengathi abalimi bebengazi ukuthi kuzomele bahambise

umoba esigayweni, lokho kudala ukuthi umsebenzi unghambini kahle bagcine sebelahlekelwe inzuzo kuze kufe namasimu ngenxa yokungenzi izinto ngesikhathi.

Ziningi izinto umlimi okumele azenze ngaphambi kokuhlahla, ezinye zazo ilezi:-

Ukwakha uhlelo lokusebenza



Wonke umsebenzi uqala ngokuthi kwensiwe uhlelo lokuthi uzowenza kanjani, nini kanye nezinto ozozidinga zomsebenzi. Kuyanconya ukusebenzisana nokuxhumana nabanye abantu ukuze nicobelelanelo ngowlazi. Uhlelo lomsebenzi silwenza ngoba izinto esizingayo zokwenza umsebenzi ziyingcosana; njengendawo esiyilimayo, ukutholakala kwabasebenzi kanye nemali yokwenza umsebenzi.

Ngaphambi kokwakha uhlelo lomsebenzi kumele wazi lokhu okulandelayo:-

- Uhlahlo mali.
- Isikhathi sokuvuthwa komoba.
- Usuku ozohlahla ngalo.
- Uhlelo lokuthi insimu ngayinye izodingani (izinto ezinjengalezi:-umuthi wokubulala ukhula, inani nohlobo lukamanyolo, inani lezisebenzi kanye nokunye okuningi).
- Izinhlelo zosuku, zesonto, zenyanga kanye nezonyaka wonke zensimu ngayinye.

Ukwenza izilinganiso zomoba

Izilinganiso zomoba zisiza; (a) umlimi ukuze azi umoba azowuhlahla ukuthi ungakanani (b) isigayo ekwazini umthamo womoba olindelekile (c) kanye nemboni kashukela ukuba yazi ushukela ozodayiswa eNingizimu Afrika nasemazweni angaphandle.

Umlimi kumele azi lokhu:-

- Isivuno asitholayo ngehheka.
- Ubungako bendawo azoyihlahla noma azoyigawula.
- Ubungako bendawo azoyivuselela (ihlumela) nazoyitshala kabusha.

Uhlelo lokunisela ngendlela yokonga

Ibhalwe ngu: Thulani Masondo



Uhlelo lokunisela ngendlela yokonga (amanzi, umhlabathi...) isimo sokuba nolwazi lokuthi kumele unisele nini nanokuthi kumele uface amanzi angakanani. Ukehluleka ukuba nolwazi lokuthi kumele unisele nini nanokuthi kumele uface amanzi angakanani lokho kungakuholela ekutheni unisele ngamanzi angenele noma amanangi kukhahlamezeke isitshalo. Ngaphezu kwakho konke ugcina usumosa amanzi kukhuphuke nezindleko zikagesi kulahleke umhlabathi nokudla kwestishalo. Khumbula ukuthi ukuthi amanzi kanye nogesi uyakukhkhela abanye benu bawofakazi balokhu ngoba banetzikweletu zamanzi nogesi ezingasakhokheki.

Zikhona izinsiza ezisetshenziswayo ekutheni umlimi anisele ngendlela eyongayo. Kuyaye kubhekwe:-

- Ubungako bamanzi asemhlabathini.
- Isimo sezulu (bungako bamanzi alahlele ngomhwamuko wesimo sezulu noma atholakale ngenkathi izulu lina).
- Ubungako bamanzi asetshenziswe yisitshalo.



Isibonelo samathuluzi assetshenziselwa ukuthola imininingwane mayelana nomswakamo emhlabathini.

Izinto okumele uzinakekele ukuqinisekisa ukusebenza kahle kwenkasa yakho

Inkasa kumele ifake ubungako bamanzi ngendlela esuke inconwyе ngonjiniyela. Inkasa yakho kumele uqikelele ukuthi ayivuzisi amanzi uyisebenzise ngokulandela uhlelo lokunisela ngendlela yokonga (irrigation scheduling). Ukwenze njalo kuqinisekisa ukuthi inkasa yakho ikusebenzela ngendlela enenzozo. Abasebenzi bakho benkasa kumele uqinisekise ukuthi uyabaqeqesha ngokomsebenzi wabo nanokuthi babe nolwazi ukuthi yingani kumele benze izinto ngalendlela osuke ubaqeqeshe ngayo.

Ngasosonke isikhathi uma ungumlimi oniselayo kubalulekile ukuthi uthumele amanzi akho ayohlolwa ukuthi asezingeni elamukelekile yini ukuthi ungawasebenzisa ekuniseleni. Onjiniyela bakunika izincomo eziqinisekisa ukusebenza kahle kwenkasa ngendlela yokuthi yanelise isitshalo sakho lapho sidinga kakhulu amanzi. Ukungasebenzi kahle kwenkasa kudalwa ukungayilungisi inkasa yakho.

Mayelana nolwazi olunzulu xhumana nomeluleki wakho wezolimo uzokusiza ngolwazi oludingayo.

ABADIDIYELI

Nathi Hlongwa, Nqobile Nxumalo, Patrick Ngcobo, Sandile Mthimkhulu, Sifiso Hlela, Thulani Masondo & Wayne Mthembu (*Umhleli*)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September

Imibono nemibuso: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: Nqobile.nxumalo@sugar.org.za

Amalungelo okuqopho aqukethwe kulo mbhalo. Ayiko ingxene yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandile kwemvume ebhalwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilewe kulo msebenzi, isikhungo sezoCwaningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluquthethwe lapha. Ukusethenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulumshicilelo akungathethwa njengokuqinisekisa/gqugqzelwa ukuthi zisetshenziswe.



Ukuhlela usonkontileka ozokusiza

Thola usonkontileka ozokuhlahlela ngendlela egculisayo kusenesikhathi. Kumele umlimi benosonkontileka babe nesivumelwano sokwenzelana umsebenzi. Ngasosonke isikhathi uma kuhlahlwla kumele kubekhona ukubambisana phakathi komlimi, usihlalo wabalmi, isigayo, ikomidi labalimi lokuhlahla nonobhala walo kanye nabeluleki bezolimo. Umlimi uma ezozihlahlela yena kumele ahlele izisebenzi zokuhlahla kusenesikhathi esanele kanti usonkontileka kumele aqinisekise ukuthi imishini yakhe ikulungele ukusebenza, izisebenzi ziqequeshekile kanye nemali yokusebenza ikhona.



Indlela yokuhlahla okumele ilandelwe

- Amasimu ahlaselwe yisihlava.
- Umoba omdala kuqala noma ovuthwe ngokwanele.
- Amasimu ozowavuselela.
- Amasimu ayitshalo.
- Amasimu adinga ukulungiselelwa ukungami kwamanzi (asemfundeni).
- Amasimu amahle.
- Amasimu asemancane.
- Amasimu anetshakazi.
- Amasimu ashawe yisithathwa, umoba owe phansi noma oshawe yisomiso.

Uma njе uqeda ukuhlahla, susa izidindi ensimini yakho bese uhlakaza upayi noma ulapayi. Futha insimu yakho ngomuthi wokubulala ukhula ungaze ululinde ukuthi lumile bese ufaka isikhuthazakhaba engakapheli amasonto ayishumi nambili (12). Uma ungaheleli uzibeka engcupheni yokuhluleka ebhizinisini lokukhiqiza umoba. Uzoba nomoba ongeke wakunika inzuso okuyoba ukuzigwaza ngowakho.